water & sanitation
Department: Water and Sanitation REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

July 2015

# IPROJECTI EHLONGOZWAYO YAMANZI EMKHOMAZI –ISIGABA 1

## UMQULU WOLWAZI WOHLELO LOKUHLALISWA KABUSHA

### 1. Isingeniso

UMnyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle ucubungula uhlelo lokuhanjiswa kwamanzi esuka eMfuleni uMkhomazi eya ohlelweni lwamanzi olukhona lwaseMngeni ukuze kufezeke izidingo zamanzi esikhathini eside esizayo ezindaweni zaseThekwini, eMgungundlovu nasezindaweni ezakhelene nazo. Idamu elisha elihlongozwayo lizoba semfuleni uMkhomazi, epulazini elaziwa ngokuthi iSmithfield. Lendawo iphakathi kwebhuloho eliseLundy's Hill kanye nendawo yaseDeepdale. Ulwazi olunzulu oluqondene naleprojecti luyatholakala emqulwini onikezela incazelo ngaleprojecti.

**Lomqulu Unolwazi Oluqondene:**

a) Nokubaluleka kokutholakala komhlaba odingekayo ukuze kwakhiwe idamu elihlongozwayo eSmithfield, kanye

b) Nokuhlelelwa kokuhlaliswa kabusha kwabantu kanye nokunxephezelwa kwabantu abathinteka ngqo kuleprojecti.

### 2. Ukutholakala Komhlaba

Umhlaba odingekayo ukuze kwakhiwe ledamu uhlanganisa umhlaba ozogcwaliswa amanzi kuze kufike lapho idamu seligcwele khona kakhulu. Lomhlaba uphinde uhlanganise isidingo sokubhekelela izikhukhukhula ezingenza ukuthi amanzi aphume ngaphezu konqenqema lokuhambisa amanzi, kanye nesidingo sokuba khona kwendawo eklanyelwe ukuqinisekisa ukuthi ukusetshenziswa kwedamu kuphephile. Ngenxa yokubaluleka kwesidingo sokuphepha komphakathi, akuvumelekile ukuthi kube khona imizi noma ingqalasizinda yabantu endaweni eklanyelwe ezokuphepha. **Umdwebo 2** ukhombisa umhlaba oklanyiwe okumele utholwe uMnyango Wezamanzi Nokuhanjiswa Kwendle ukuze kufezwe izidingo zokusebenzisa idamu ngendlela ephephile.

### 3. Ukugunyazwa kweProjecti ngokwemvelo

UCwaningo Lokungenzeka Emvelweni luyenziwa kuleprojecti ngokulandela uMthetho kaZwelonke Wokuphathwa Kwemvelo (Umqulu 107 ka 1998) ukuze lusekele isicelo sokugunyazwa. Ucwaningo olucubungula indlela yokuphila nomnotho wabantu abahlala endaweni eklanyelwe idamu lwaqaliswa ngoMay 2015. Lolucwaningo luyingxenye yoCwaningo Lokungenzeka Emvelweni ukuze kutholakale ulwazi oludingekayo ukuze kuphothulwe Ucwaningo Lwemithelela Endleleni Yokuphila Kwabantu kanye noCwaningo Lwemithelela Emnothweni Wabantu.

I-Projecti iyoqhubeka kuphela uma ngabe konke ukugunyazwa okudingekayo sekutholakele, kuhlanganisa nokuGunyazwa Kwezemvelo. Sicela uqaphele ukuthi imihlangano yemiphakathi izophinde ihlelwe uma ngabe uCwaningo Lwezemvelo seluphothuliwe. Lemihlangano izokwethula imibiko ngokutholakele ngesikhathi soCwaningo.


### 4. Ukuhlaliswa kabusha nokunxephezelwa kwabantu abathintekayo

UMnyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle uzoqinisekisa ukuthi ulandele yonke imithetho nenqubomgomo ebekiwe uma sekuhlaliswa kabusha abantu abathintekayo ngqo kuleprojecti. Lokhu kungahlanganisa ukwakhiwa kwemizi emisha ezindaweni ezintsha. Lokhu kubuye kuphinde kuhlanganise ukusiza nokusekela ukusungulwa kwezindawo ezintsha zokukhiqiza ezolimo. Ukuhlaliswa kabusha kwabantu kuncike kakhulu ekunxephezelweni kwamalungelo kanye nezinsiza ezingeke zakwazi ukuthi zibuyiselwe. Ingonyama Trust Board kanye noMnyango Wokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokubuyiselwa Kwemihlaba (Dept of Rural Development and Land Reform) bazoba yingxenye yokwenziwa kwenqubomgomo ebhekelene nokuhlaliswa kabusha kwabantu kanye nokunxephezelwa kwabantu abaqondene neprojecti. Ezinye izinto ezizobhekelelwa eziyingxenye yenqubomgomo wokuhlaliswa kabusha yilezi:

- Ukuvikela noma ukunciphisa imithelela emibi engaba khona emnothweni nasendleleni abantu abaphila ngayo ngenxa yokuthathwa komhlaba usetshenziselwe idamu;
- Ukuqinisekisa ukuthi imisebenzi eqondene nokuhlaliswa kabusha kwabantu yenziwa ngendlela esekelekile, ngokuxhumana nemiphakathi kanye nokuqinisekisa ukuthi labo abathintekayo banikezwa ulwazi olufanele ukuze babambe iqhaza;
- Ukuthuthukisa noma ukubuyisela izimpilo zabantu esimweni esifanele; kanye
- Ukuhlela nokwenza umgudu wokuhlaliswa kabusha ngokusebenzisana nabaholi bemiphakathi, ubuholi bendabuko, kanye nethimba elibhekene nokuhlaliswa kabusha kwabantu noma izinhlaka zasendaweni ezibhekelene nokuhlaliswa kabusha.


### 5. Okwenzekayo Ngeprojecti

UCwaningo Lokubheka Ukuthi Ingenzeka Yini leprojecti luyaqhubeka ngenhloso yokunikezela ulwazi oluzosiza ekwenzeni izinqumo. Lezizinqumo zihlanganisa ukugunyazwa nguNgqongqoshe ukuze iprojecti iqhubeke kanye nokutholakala kwamagunya ezemvelo aqondene nesicelo seprojecti. Uma ngabe sekutholakele ukugunyazwa kanye nezinqumo eziqavile ezinjengezinhlelo zezimali, kuyobe sekuqaliswa isigaba sokwenza. **Umdwebo 1** ukhombisa Uhlelo Nomgudu Weprojecti kanye Nesigaba Sokwenza.




**Umdwebo 1: Uhlelo Lokuhlaliswa Kwabantu ngokubheka uMgudu Olandelwayo Weprojecti**

**Ukuxhumana okunzulu nemiphakathi ethintekayo ngqo kuzokwenziwa ngesikhathi Sesigaba Sokwenza. Kulesisigaba Uhlelo Lokuhlaliswa Kwabantu luzobe selusungulwa.**
Uhlelo Lokuhlaliswa Kwabantu luzohlanganisa izinhlelo zokuhlalisa kabusha kanye nokunxephezela imindeni ezosuswa ngenxa yesidingo sokusebenzisa umhlaba usetshenziselwa idamu.




<u>Ibalazwe 2:</u> **Ukukhombisa iDamu elihlongozwayo eSmithfield (Indawo zogcwala amanzi kanye nendawo eklanyelwe ezokuphepha)**



| **IMININIGWANE YOKUXHUMANA** | **Obhekele Ezokuxhumana Nemiphakathi:** | Bongi Shinga<br>AECOM<br>Ucingo: 012 421 3767<br>Umakhalekhukhwini: 079 953 8371<br>Email: bongi.shinga@aecom.com<br>Ikheli: PO Box 3173, Pretoria, 0001 | **Obhekele Ucwaningo Lokungenzeka Emvelweni:** | Donavan Henning<br>Nemai Consulting<br>Ucingo: 011 781 1730<br>Umakhalekhukhwini: 082 891 0604<br>Email: donavanh@nemai.co.za<br>Ikheli : PO Box 1673, Sunninghill, 2157 |
|---|---|---|---|---|